



HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

SEPTEMBER 2021

IBANGA LE- 12

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-12

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)
2. Fundisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:
ISIQEPHU A: imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: imizuzu engama-40

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa UMBHALO A ongenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (Okufundwayo)**UKUZIPHAKAMISA**

- 1 Ukuzithanda kubalulekile. Kukwenza ukwazi ukwahlukanisa okuhle nokungalungile. Kunomehluko omkhulu phakathi kokuzithanda kanye nokuziphakamisa. Ziningi izinto ezenziwa umuntu oziphakamisayo. Okujwayelekile ukuzazi yena azibone engcono kakhulu kunabanye abantu. Ukhuluma angaqedi kulalelwe yena. Akabaniki ithuba lokuthi abanye baphendule noma bakhulume. Inkulumo yakhe iqala ngo-'mina' ngaso sonke isikhathi. Nakho lokho akukhulumayo kusuke kungenamqondo.
- 2 Kujwayeleke ukuba akhulume ngendlela nohlobo lwezinto azigqokayo, akhulume ngendawo ahlala kuyo **yezimpunyela**, izindawo azihambayo, abantu azihlanganisa nabo ukuze kuvele ukuthi ungcono kangakanani kunabanye. Konke kungaye nempilo yakhe. Ngesikhathi ekhuluma engaqedi ezama ukuveza ukuthi wazi kangakanani kulapho kucaca kuthi bha ukuthi unenkinga yokufuna ukugqama.
- 3 Uyinkinga enkulu kubaqashi uma eqashiwe. Lolu hlobo lomuntu aluphatheki. Alushayelwa umthetho. Bazithola bengasazi ukuthi bazobhekana kanjani nalo ngoba **luyindlovu kayiphikiswa**. Aluvamisile ukwenza okwenziwa abanye, luphuma eceleni njalo. Uyahluleka ukubona umehluko phakathi kwakhe nomqashi. Umsebenzi uye alalele okudingwa umqashi bese enza yonke into ngesikhathi esilindelekile. Umuntu ophakeme wenza okuphambene nalokho. Akawenzi umsebenzi atshelwa wona. Kokunye awenze sekudlule isikhathi. Okuba kubi ukuthi ugcina esenza nemisebenzi okungeyona eyakhe noma angawenzi umsebenzi ngoba engqondweni yakhe yena ungaphezu kwabo bonke abantu.
- 4 Uzibona kunguyena kuphela owaziyo futhi kungekho ongenza kangcono kunaye. Uma kunguyena ophethe akafuni ukusebenzisana nabasebenzi. Kokunye uyaye abone nenkampani leyo ayisebenzelayo ingawa uma engayeka ukusebenza. Ujwayele ukungasibeki nesinqe phansi ngoba esaba ukuthi izinto zizonakala. Ukwenza lokhu ngenxa yokuzibona engcono kakhulu. Ehlakaniphe ukudlula bonke abantu asebenza nabo. Akayamukeli nemibono evela kwabanye, uyibona **ingaphusile**.
- 5 Ezinye zezimpawu zokuziphakamisa ngokweqile ukuthi umuntu **asenge ezimithiyo** ngezinto anazo noma akwazi ukuzenza isidingo singekho. Lokhu kuyindlela yokwenza ukuthi labo bantu anabo bangambukeli phansi. Usuke engakwazi ukuthi lokhu yikhona okwenza abantu bambone sengathi akaphilile ekhanda. Amanga awaqambayo afana nokuthi yena wazana nabantu abasezikhundleni eziphezulu, noma ngempilo ephezulu

ayiphilayo. Okusuke kuxake ukuthi uma azana nabantu abaphezulu kangaka kungani esaphila nabantu abasezingeni eliphansi. Uthanda nokwazisa umhlaba wonke ukuthi yena wenzani ngasikhathi sini, nobani kuphi. Lokhu ukwenza ngoba ecabanga ukuthi wonke umuntu ukukhathalele ukuthi yena wenzani, nini nobani. Imiphumela yocwaningo iveza ukuthi umuntu ozibona engcono kunabanye akakwazi ukuhlela impilo yakhe.

- 6 Lolu hlobo lwabantu luba sezikweletini ngendlela exakile. Lokhu kwenziwa wukuthi banenziziyo engaphandle. Abafuni ukusala ezintweni. Abakubona komunye umuntu nabo bafisa ukuthi kube ngokwabo abeneliseki. Bagcina sebeshone shi ezikweletini ngenxa yalokho. Uma umakhelwane ethenga okuthize nabo bayakuthenga noma bengakudingi. Abakwazi ukuhalalisela omunye umuntu ngokuhle anakho kodwa bavele bafise ukuthi kube ngokwabo. Ezinkundleni zokuxhumana yibo futhi nezithombe beshutha befaka ukuze babukwe. Phela lapha basuke befuna kucace ukuthi bebekuphi futhi benzani.
- 7 Laba bantu bagcina sebenezitha. Abathandeki ngenxa yakho ukuchoma. Benjalo nje banenzondo nomona ngoba uma omunye umuntu enokungcono kunabo bayaye babone sengathi usezama ukubadlula ngokuba ngcono. Bayinkinga laba bantu ngoba babukeka njengabantu abanesizungu okuyikho okwenza bagcine sebekhuluma ngazo zonke izindaba zabo ukuze babonakale ukuthi bangcono kanti kulapho sebhlekwa khona ngoba basuke bekhona abangcono kakhulu kunabo kodwa abangenaso isikhathi sokuxoxa ngempilo yabo.
- 8 Ukuziphatha ngale ndlela, kuyisifo esingalapheki. Umuntu akazalwa naso kodwa sidalwa yizimo ezithile umuntu abhekana nazo ngesikhathi esakhula noma empilweni nje yakhe. Ukubonana nabelaphi bengqondo kungamsiza onalesi sifo. Lesi sifo sigcina sesenza abantu bazi zonke izindaba zakho. Senza abantu bazi konke ngekhaya lakho ngoba uwena obatshela ubaxoxele zonke izindaba bengakubuzanga. Nawe ake uzibuze ukuthi uzethemba kangakanani.

[Umbhalo ocashunwe kwi-internet wase uhunyushwa]

- 1.1.1 Kubaluleke ngani ukuzithanda ngokwale ndaba? (1)
- 1.1.2 Bhala izinto EZIMBILI ezithandwa umuntu oziphakamisayo. (2)
- 1.1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lichaza...


Akhulume ngendawo ahlala kuyo **yezimpunyela**.

- A Indawo ehlala abantu abahluphekayo.
- B Indawo ehlala abantu abadala.
- C Indawo ehlala abantu abacebile.
- D Indawo ehlala abantu abase basha. (1)

- 1.1.4 Ngabe uyinkinga kanjani kubaqashi umuntu oziphakamisile? (2)
- 1.1.5 Bhala okungumehluko phakathi komuntu ophakeme nabanye abantu uma besemsebenzini. (2)
- 1.1.6 Tomula umusho esigabeni sesi-4 ositshela ukuthi ungumuntu ongakwazi ngisho ukuphumula lapho esebenza. (2)
- 1.1.7 Bubanjani ubudlelwane phakathi kwabo nabantu abahlala nabo noma omakhelwane? (2)
- 1.1.8 Kunamthelela muni ukuthanda izinto ezisezingeni eliphezulu ezingekho esigabeni okusona njengoba kwenza umuntu ophakeme? (2)
- 1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenziwe endabeni:
- (a) Akayamukeli nemibono evela kwabanye, uyibona **ingaphusile**. (2)
- (b) Umuntu **asenge ezimithiyo** ngezinto anazo noma akwazi ukuzenza isidingo singekho. (2)
- 1.1.10 Phawula ngesifundo esitholakala kule ndaba. Sekela impendulo yakho ngokubhekisa endabeni ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 1.1.11 UYAVUMELANA noma AWUVUMELANI nalesi sitatimende esitholakala endabeni esithi: "Ukuziphatha ngale ndlela, kuyisifo esingalapheki". Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.12 Ngokucabanga kwakho kungani abantu bathande ukuziphakamisa? Sekela impendulo ngephuzu ELILODWA yakho. (2)

UMBHALO A (Okufundwayo)

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.



[googlepics.com)

- 1.2.1 Bhala umehluko osesithombeni 1 nesithombe 2. (2)
- 1.2.2 Yini le edala ukuba lo oshayela imoto azizwe engcolile esithombeni 1. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 1.2.3 Uyavumelana yini nalo osesithombeni 2 ukuthi imoto yakhe kayiwungcolisi umoya? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa **UMBHALO C** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezindlela zokugcina isisindo siphansi.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile

UMBHALO C (OFUNDWAYO)**IZINDLELA ZOKUGCINA ISISINDO SIPHANSI**

Into eyinkinga kakhulu ekugcineni isisindo esifanele emva kokusehlisa ukukwazi ukudla okufanele nangesikhathi esifanele. Abanye abantu bayakwazi ukwehlisa isisindo sabo ngokuthi baqikelele indlela abaziphatha ngayo. Izinto ezilula njengokuphuza amanzi nokudla ngezikhathi ezithile kungakusebenzela.

Abanye abantu bachitha isikhathi esiningi bezivocavoca bagcine bengawubonanga umehluko ngenxa nje yalokhu abakufaka emzimbeni. Kubalulekile ukuba udle njalo emva kwamahora amane ukudla okuncane. Ukugcwalisa ipuleti lokudla kwenza umzimba uthwale kanzima ekugayeni lokho kudla. Umzimba uyakwazi ukuzigcinela ukudla ngezindlela ezahlukene ukuze ubuye ukusebenzise uma usukudinga. Impilo esheshayo kwesinye isikhathi iyasiphoga ukuba siphuthume emisebenzini noma esikoleni ekuseni kakhulu. Isidlo sasekuseni sibaluleke kakhulu uma ufuna ukuqala usuku unomdlandla ofanele.

Uma ungulo muntu onesikhathi sokuthokozela isidlo sasemini kufanele leso sidlo usendlalele ngokudla okungamasaladi. Amasaladi abaluleke kakhulu ngoba agcwele amanzi akusiza ekugcwaliseni isisu sakho. Amasaladi amaningi akhiwa ngemifino nezithelo. Ukudla ukudla okunamaprotheni njengenhlanzi amaqanda kuyasiza ekugcwaliseni isisu. Umzimba awuwagcini amaprotheni amaningi emzimbeni. Inhliziyo yomuntu ijatshuliswa ukubona noma uhogele Ukudla noma ngabe kuluhlobo luni. Yize iminqamulajuqu yokuletha imisebenzi kwesinye isikhathi isilalisa ebusuku nje kodwa kubalulekile ukuthi ulale ngesikhathi esifanele amahora ayisishiyagalombili ukunikeza umzimba ithuba elanele lokugaya ukudla. Ukuhlafuna kancane ungajahi kunika umzimba ithuba elenele lokugaya ukudla. Ukudla kufanele kugayeke kahle kusasuka emlonyeni kuze kufike esiswini.

Ukudla ukudla okusha okuvela engadini kuyasiza. Umuntu kufanele azijwayeze ukuba nengadi encanyana ezomnika ukudla okusekusha. Isisindo somuntu sikhushulwa yilokhu akunikeza umzimba yingakho kubalulekile ukuthi sikuqaphele lokhu esikunika

imizimba yethu.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.


UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

MFUNDOYAMI STUDY GUIDE

Thola izinsizakufunda zakwaMfundoyami bese uphumelela umatibuletsheni kalula.

Lezi zinsizakufunda ziza nalokhu okulandelayo:

- Amaphepha eminyaka edlule kanye nezimpendulo.
- Ikheli le website lokubuka izifundo mahhala.
- I-CD ekutshengisa ukuthi izimpendulo zitholakale kanjani
- Amanothi abhalwe ngesiNgisi kanye nesiZulu/IsiBhunu.



KwaMfundoyami uthola izinsizakufunda kulezi zifundo ezilandelayo:

- IsiNgisi Ulimi lokuqala/lwasekhaya
- IsiZulu Ulimi lokuqala /lwasekhaya
- Izibalo
- Isayensi
- Ezomlando
- Ezezwe
- kanye nezinye eziningi.



Zitholele izinsiza kufunda kulezi zitole ezidumile eziseduze nawe: CNA, PNA, Waltons no-Exclusive books.

Noma ushaye le nombolo 086 088 2348

- 3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangiso? (1)
- 3.2 Bhala izindawo EZIMBILI ongazivakashela ezikulesi sikhangiso. (2)
- 3.3 Ikusiza kanjani iCD yaseMfundo yami. Bhala iphuzu ELILODWA (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ukuphasa kalula kusho...

- A Ukusebenza kanzima.
- B Ukukopela.
- C Ukuphasa ngomcecemezelo.
- D Ukuphumelela ungasebenzanga ngokuzikhandla. (1)

3.5 Insizakufunda yasiphi isifundo ongazithengela yona lapha? Sekela ngephuzu ELILODWA. (1)

3.6 Tomula umusho onolimi olukhohlisayo kulesi sikhangiso. (1)

3.7 Ngokucabanga kwakho, kungani besebenzise izithombe kulesi sikhangiso?


Chaza ngephuzu ELILODWA (2)

[10]

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)



[www.googlepics.com]

- 4.1 Iyiphi inkinga okukhulunywa ngayo kule khathuni? (1)
- 4.2 Bakuphi laba abakhuluma kulesi sithombe esingenhla? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.3 Ngokufunda amazwi akule khathuni, ngabe uThemba ungumuntu onjani? (2)
- 4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:
- Sidla imbuya ngothi kusho ukuthi:
- A Ukudla ngesipunu esiphambili.
- B Kuyabuswa kuleyo ndawo.
- C Ukudla okushibhile.
- D Kuyahlushekwa kuleyo ndawo. (1)
- 4.5 Bhala into EYODWA engaba nobungozi ngokusebenzisa i-ATM. (1)
- 4.6 Usebenza umsebenzi muni lo owesifazane okhuluma lapha? (1)
- 4.7 Ngokucabanga kwakho yiziphi izinto okumele zenziwe yingane uma umzali wayo engafuni ukumondla? (2)

[10]

UMBUZO 5

- 5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMBHALO F (Ofundwayo)

Abazali nothisha bethu bahlale besikhumbuzwa ukuthi thina siyikusasa laleli zwe. Ngelinye ilanga siyoliphatha leli ngezindlela eziningi ezahlukene. Abanye bethu bayoba ngosopolitiki, abanye ngodokotela abanye amalunga omphakathi olwisana nobugebengu nenhlalakahle yomphakathi. Ngike ngithule ngicabange iqhaza elihle engiyolidlala emphakathini nasezweni lakithi iNingizimu Afrika.

Uma sengibhekisisa izifundo engizifundayo kuyangicacela ukuthi kusamele ngisebenze kakhudlwana ukuze ngiphile impilo engiyifisayo. Abadala bathi ugotshwa usemanzi. Lokhu kuyangijabulisa ngoba kangikaze ngingene ezinkingeni ezinkulu nezikhali abazali bami. Izinyembezi zomzali zimlethela amashwa amabi umntwana osuke ephatha kabi abazali bakhe.

Sengikulungele ukuya kothola imfundo ephakeme nami ngenyuse **isibongo** sakithi, sihlonipheke. Ngiyezwa ngezingqinamba ezisezikhungweni zemfundo ephakeme kodwa mina ngikhetha ukubalwa nalabo abangamaqhawe.. Abayophuma nemiyeko yabo. Ngizosebenza kanzima, kusho uNokuthula.

[Umbhalo wokuziqambela]


- 5.1.1 Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?
Izinyembezi zomzali zimlethela amashwa amabi umntwana (1)
- 5.1.2 Hlobo luni lwebizo elikulo musho olandelayo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:
Nami ngenyuse **isibongo** sakithi. (1)
- 5.1.3 Guqula ibizo elibhalwe ngokugqamile eshweni olandelayo likhombwe ubuncane/ isinciphiso
Ngizophila **impilo** engiyifisayo (1)
- 5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:
Hlobo luni lwesifenqo lo mushwana obhalwe ngokugqamile:
Kusamele ngisebenze kancane ukuze ngiphumelele ngamalengiso.
A Isenzasamuntu.
B Isifaniso.
C Isingathekiso.
D Isifenyiso. (1)
- 5.1.5 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombwe ukuphika/ukulandula.
Abanye bayoba ngosopolitiki. (2)
- 5.1.6 Khetha isihlanganiso esifanele kulezi ezilandelayo bese uhlanganisa imisho elandelayo.
(noma, yize, ukuze)
UNokuthula usebenza kanzima. UNokuthula uyaphumelela. (2)
- 5.1.7 Igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo liveza muphi umqondo.
Kangikaze ngingene **ezinkingeni** ezinkulu. (1)
- 5.1.8 Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo liveza muphi umqondo
Abadala bathi **ugotshwa** usemanzi (1)
- 5.1.9 Guqula umusho olandelayo ube yinkulumombiko.
“Ngizosebenza kanzima”, kusho uNokuthula (2)

5.1.10 Tomula igama eliyisiphawulo kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa seliyisandiso sesimo.

Ngike ngithule ngicabange iqhaza elihle engiyolidlala emphakathini. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)



[www.googlepics.com]

5.2.1 La mazwi alandelayo avusa muphi umuzwa?

“Sithandwa sami” (1)

5.2.2 Yiluphi ulimi olukhohlisayo enkulumweni kaBheki? (1)

5.2.3 Bhala OKUBILI okusesithombeni okukhombisa uthando nokucela. (2)

5.2.4 Tomula amazwi akhombisa ukuchema enkulumweni kaNozipho. (2)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40

AMAMAKI ESEWONKE: 80